# ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

## ISabelomali sethulwa nguMnuz. uFrancois Rodgers (i-MPL)
## UNgqongqoshe wezeziMali

### Lapho kwethulwa isiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe sika-2025/26 esiShayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali

**11 December 2025**

Somlomo oHloniphekile, uNksz. Nontembeko Boyce

Mhlonishwa oyiPhini likaSomlomo, uNksz. Mmabatho Tembe

Ndunankulu oHloniphekile, uMnuz. Thamsanqa Ntuli

AmaLungu oMkhandlu oPhethe wesiFundazwe saKwaZulu-Natali

Amalungu Ahloniphekile esiShayamthetho sesiFundazwe

AmaLungu ezamaNxusa

Sihlalo weNdlu yesiFundazwe saKwaZulu-Natali yabaHoli boMdabu kanye nama Khoi-San, Nkosi uShinga

Bonke abaHoli boMdabu

Ibamba likaMqondisi-Jikelele, uMnuz. Sbu Ngubane

Nhloko yoMnyango, uNksz. Carol Coetzee

Zonke iziNhloko zeMinyango kanye nabaPhathi abaKhulu

AbaPhathi beziKhungo zikaHulumeni

Abantu baKwaZulu-Natali

AmaLungu abeziNdaba

AbaHoli bezamaBhizinisi

Zimenywa ezihloniphekileyo

## 1. ISINGENISO

Somlomo, kuyigugu kimi ukuthi ngime phambi kwale Ndlu ehloniphekile ngethule iSabelomali esiBuyekeziwe sika-2025/26.

## 2. UMBONO WEZOMNOTHO

Sisonke isimo somnotho waKwaZulu-Natali sifuze isimo zomnotho womhlaba kanye nokazwelonke. Njengesizinda esibalulekile sohwebo kanye nokuthuthwa kwempahla eNingizimu Afrika, isiFundazwe sisebenzisa amachweba aso aseThekwini nase-Richards Bay nengqalasizinda yaso esezingeni eliphezulu, eyenza kube lula ukweseka imisebenzi yezomnotho yalapha ekhaya neyamazwe ngamazwe. Ukusimamiswa kokusebenza ngendlela ehlelekile emachwebeni kuyinto eyamukelekayo ezweni lonke.

Naphezu kwezingxabano zamazwe omhlaba kanye nezingxabano zezohwebo ezaqala ekuqaleni kuka-2025, kulandela ukuthi i-United States of America ifake izintela ezengeziwe kozakwethu kwezohwebo, isimo somnotho wesiFundazwe sihlala sinethemba lokwenza kangcono. IsiFundazwe kulindeleke ukuthi sikhule kancane ngo-1.4% ngo-2025, ngaphezudlwana kwesilinganiso sikakazwelonke esingu-1.2%. Lokhu kukhula kulindeleke ukuthi kukhule ngesivinini esikhulu, kufinyelele ku-2.1% ngo-2026 kanye no-2.3% ngo-2027, ngenxa yokuthuthukiswa kwengqalasizinda kanye nemikhakha ebalulekile efana neyokukhiqiza, ezolimo, nezokuvakasha. Umkhakha wezokukhiqiza, okubandakanya ukukhiqizwa kwezimoto nokudla, kusalokhu kuhamba phambili ekugqugquzeleni ukusungulwa kwemisebenzi emintsha kanye nokuqashwa kwabantu. Kuyadabukisa ukuthi izinselelo ezifana namazinga aphezulu okwentuleka kwamathuba emisebenzi, ubuphofu, nokungalingani kusaqhubeka nokukhinyabeza inqubekelaphambili yezomnotho yesikhathi eside.

Eminyakeni edlule, kube nentuthuko emangalisayo emkhakheni wezolimo, ikakhulukazi ekuthatheni izinqumo ezinenqubekelaphambili kanye nokwamukelwa kobuchwepheshe. IKwaZulu-Natali iphiwe umhlaba wokulima futhi ayikawasebenzisi ngokugcwele amandla ayo kwezolimo, nasekukhiqizeni ukudla. IsiFundazwe sibonakala singcono ekutshalweni kwezimali kwingqalasizinda yezokuvakasha, njengasemahhotela, izindawo zokuphumula, nezindawo zokungcebeleka, konke okuhloswe ngakho ukwenza ngcono ekugculisekeni kwezivakashi. Umkhakha wezokuvakasha usalokhu ungomunye wemithombo esemqoka yomnotho wethu, kokubili okumayelana nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi kanye nokuheha abatshalizimali.

Izinguquko ezenziwa yisifundazwe namuhla zenziwa ngokwalo mongo.

## 3. ISISEKELO SEZOMTHETHO SESABELOMALI ESIBUYEKEZIWE SIKA-2025/26

UNgqongqoshe wezeziMali kaZwelonke wethula isiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke, kanye nesiTatimende seNqubomgomo yeSabelomali sesiKhathi esimaPhakathi, ePhalamende mhla ziyi-12 kuNovemba 2025. UMthethonqubo woMnyango kaMgcinimafa 6.6.3 ubeka ukuthi isiFundazwe kufanele sethule isiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe sesiFundazwe esiShayamthetho sesiFundazwe zingakapheli izinsuku ezingama-30 isiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe sikazwelonke sethuliwe. Ukwethula isiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe seNgenisomali neziNdleko zesiFundazwe kowezi-2025/26 kule Ndlu namuhla singena ngaphansi kwalo mgomo wezinsuku ezingama-30.

Isabelomali esikhulu sika-2025/26 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe ngomhlaka-25 kuMashi ku-2025, futhi sethulwa kabusha ngomhlaka-29 kuMeyi ku-2025, ngemva kokuba uNgqongqoshe wezeziMali ethule kabusha isabelomali sikazwelonke ePhalamende ngomhlaka-21 kuMeyi ku-2025. UMthethosivivinywa wokwaBiwa kweziMali wadingidwa futhi wavotelwa ngomhlaka-31 kuJulayi ku-2025.

Ukuze kwenziwe ngokusemthethweni noma yiziphi izinguquko kwisabelomali esikhulu, kudingeka ukuthi isiFundazwe sethule iSabelomali esiBuyekeziwe, esibuye sibizwe ngokuthi isiLinganiso esiBuyekeziwe seNgenisomali neziNdleko zesiFundazwe, kule Ndlu.

IsiGaba 31 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni sinikeza isisekelo sezomthetho sokwethula iSabelomali esiBuyekeziwe sesiFundazwe. IsiGaba 43 kanye noMthethonqubo woMnyango kaMgcinimafa 6.3 kuya ku-6.6 siyaqhubeka siqondise mayelana nezinhlobo zezichibiyelo ezingenziwa nokuthi lezi zichibiyelo zingagunyazwa yini yisiKhulu esiPhezulu esiPhethe iziMali (*Accounting Officer*), okunguMgcinimafa wesiFundazwe noma yisiShayamthetho sesiFundazwe. Ezimweni lapho kudingeka khona isiShayamthetho sigunyaze ukudluliswa kwezimali phakathi kwezinhlelo, sikukhombise ngombala ompunga encwadini ethi iziLinganiso zeSabelomali esiBuyekeziwe engiyethula namuhla. Lolu shintsho luphinde luchazwe kwi-memorandamu/isibuyekezo esichazayo naso esisikhipha namuhla. Ngikhuthaza wonke amaLungu aHloniphekile ukuthi akufunde lokhu ukuze sithuthukise izinga lokuqapha umsebenzi weminyango.

IziLinganiso zeSabelomali esiBuyekeziwe engizethula namuhla zibhekelela izinguquko ezenziwe nguMnyango kaMgcinimafa kaZwelonke kwisabelomali sesiFundazwe, kanye nokwabiwa kwemali yesiFundazwe. Isabelomali

esiBuyekeziwe siphinde sibhekane nezinguquko zokudluliswa kwezimali phakathi kwezinhlelo kanye nokushintshwa kwezimali ngaphakathi kwamaVoti futhi lokho kuvumela iminyango ukuthi yenze izinguquko kwizabelomali zayo lapho kunesidingo khona.

Namuhla, ngethula isiLinganiso sokuBuyekeza iNgenisomali nokuKhokhelwa kweziNdleko esiFundazweni ku-2025/26, imemorandamu enencazelo eveza lapho kudingeka khona isiShayamthetho sigunyaze ukusetshenziswa kwemali, kanye noMthethosivivinywa oBuyekeziwe wokwaBiwa kweziMali, ku-2025 ngesiNgisi, isiZulu nesiBhunu.

Ngethula futhi i-KZN Socio-Economic Review and Outlook (SERO), ehlinzeka ngokuhlaziya okubanzi kwezimo zezenhlalakahle nezomnotho e-KZN. Lo msebenzi uphinde uveze izinkomba zenhlalo-mnotho ezibalulekile ekulandeleni inqubekelaphambili ekwenzeni ngcono izinga lempilo kubantu baseKZN uphinde uhlonze izindawo ezibalulekile zokwabiwa kwezinsiza esikhathini esizayo. Lolu shicilelo (SERO) lubalulekile ekugqamiseni izinsizakalo ezingase zidinge ukubekwa eqhulwini kubukwa nezithiyo zezezimali. Sizophinde sithathisele kulo mbhalo lapho silungiselela isabelomali uHlaka lokuKhokhelwa kweziNdleko esiKhathini esimaPhakathi ku-2026/27.

## 4. IZINGUQUKO KWISABELOMALI SIKA-2025/26

Ngethula iSabelomali esiBuyekeziwe ngesikhathi lapho isidingo sezimali sisikhulu ukwedlula izimali ezikhona ukuze sibhekane nengcindezi yesabelomali sethu. Isigungu esiphezulu sesiFundazwe sigunyaze uHlelo lesiFundazwe lokuVuselela ezeziMali, okuyinkomba ebalulekile yokuqinisekisa ukuthi sisebenzisa le mali esinayo ngendlela eyongayo. Ngike ngakhuluma ngalolu hlelo ngesikhathi ngethula isabelomali esikhulu ekuqaleni kwalo nyaka futhi-ke iThimba loMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe, kanye nayo yonke iminyango yesiFundazwe, sebezikhandle kakhulu, bebeka izinyathelo zokuqikelela nokuqinisekisa ukuthi sisebenzisa isabelomali ngokuhambisana nesabelomali sethu. Lona ngumsebenzi omkhulu kakhulu nobalulekile ukuze kulungiswe inkinga yezezimali esizithole sikuyo, njengombuso wesikhombisa. Ngiyakholwa nokho, ukuthi njengoba sesiqalile ukwenza inqubekelaphambili, busekhona ubunzima esisazohlangabezana nabo ngobude bendlela uma kubhekwa izinguquko ezenziwa kwisabelomali sikazwelonke nesesiFundazwe. Ngike ngabalula ngaphambilini ukuthi lolu hlelo luzothatha iminyaka emi-5 kuya kweyisi-7 ngaphambili kokuthi siphume ezinkingeni zezimali kodwa sesiqalile ukubona izinguquko ezinhle kweminye iminyango efaka isandla ekufezeni inhloso yethu.

IKomidi IoNgqongqoshe IeSabelomali (i-MinComBud) kanye nesiGungu esiPhezulu sesiFundazwe kwadingeka ukuthi babhunge kabanzi ekunqumeni ngokwabiwa kwale mali yesiFundazwe kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe.

UMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke uthintiwe kulo lonke lolu hlelo, ikakhulukazi mayelana noxhaso lwezimali uNgqongqoshe uGodongwana akhulume ngalo enkulumweni yakhe yesabelomali esikhulu ukuthi luzokwabelwa ezeMfundo nezeMpilo. Ngizonikeza imininingwane eyengeziwe mayelana nalokhu maduze nje.

Ukuncishiswa kwesabelomali osekunesikhathi eside kuqhubeka, kufaka ingcindezi kwisabelomali sesiFundazwe. Le ngcindezi kwisabelomali ibonakala emibikweni yanyanga zonke ye-In-year Monitoring (i-IYM) ethunyelwa kuMgcinimafa wesiFundazwe yiminyango. Sibambe izingxoxo ezingeni lezombusazwe kanye nelobungoti bezezimali mayelana nalokhu. Lokhu kuholele ekutheni okunye kwalokhu kwabiwa kwemali okwenziwa namuhla kusize ukunciphisa okuyingcindezi kwisabelomali ebonakala kwimibiko ye-IYM. Lapho ukwabiwa kwemali kungaxazululi ingcindezi yesabelomali, iminyango iye yakhunjuzwa ngemisebenzi yayo ngokweSigaba 39(2) soMthetho wezokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni esibeka umthwalo emahlombe eziKhulu eziPhezulu eziLawula ukuPhathwa kwezeziMali ukuthi zingeqi kwisabelomali esibekiwe. Iminyango iceliwe ukuthi iveze izinhlelo ezichaza kabanzi zokunciphisa ubungozi kwezezimali, kanti uphiko lukaMgcinimafa wesiFundazwe lokuphathwa kwezimali luqaphe ngeso lokhozi, luqinisekisa ukuthi isiFundazwe asingeni emalini ye-*overdraft*.

Kuyangithokozisa ukusho ukuthi isiFundazwe sinayo imali ebhange kusukela ngoMeyi 2010, nangaphezu kwalezi zingcindezi zesabelomali. Izimali ezisele zesiFundazwe zilawulwa yi-*Provincial Banker* ohlola imali esele ebhange nsukuzonke futhi axoxisane neminyango mayelana nezinhlelo zokukhokha imali. Umsebenzi wami awugcini-nje ngokuphathwa kwezimali, kepha ukuphathwa kwezimali okuqinisekisa ukuthi uHulumeni uyaqhubeka nokuhlinzekwa kwezidingo kubantu besiFundazwe sethu.

## 4.1 Izichibiyelo zeSabelomali zoMgcinimafa kuZwelonke

Kunezichibiyelo eziningana ezenziwa nguMgcinimafa kuZwelonke kwisabelomali sethu sesiFundazwe. UNgqongqoshe uGodongwana uveze enkulumeni yakhe yesabelomali esikhulu ngasekuqaleni konyaka ukuthi kuzoba nemali ezokwabelwa umnyango wezeMfundo nowezeMpilo kuzo zonke iziFundazwe ngenxa yengcindezi kwizabelomali zayo. Lezi zabelo zivela ngenxa yokuthi iziFundazwe ziveze ingcindezi yezabelomali edalwe ukuncishiswa kokuhlelwa kabusha kwezimali, ezithangamini eziningi

zezinhlaka zikahulumeni. Ngiyajabula ukusho ukuthi amazwi ethu agcine ezwakele.

UMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke uphinde wanikeza impendulo mayelana nezicelo zethu zokwedluliswa kwezibonelelo ezinemibandela, futhi ngizonikeza impendulo mayelana nalokhu futhi.

Ngaphezu kwalokho, izabelo zigunyaziwe maqondana nezicelo zezinhlekelele ezenziwa yisiFundazwe eSikhungweni Sikazwelonke Sokulawulwa Kwezinhlekelele.

Sekukonke, uMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke ufake u-R3.6 billion KwaZulu-Natal kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe.

### 4.1.1 Ukwengezwa kweMali eyabelwe isiFundazwe – ezeMfundo nezeMpilo

Njengoba ngishilo, uMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke ubuyekeze isabelomali sethu kwimali eyabelwe eMfundo nezeMpilo. Kulokhu, uMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke ukhiphe iGazethi kaHulumeni enguNombolo 53 574 mhla zingama-24 ku-Okthoba ka-2025. Ngizochaza kabanzi ngalezi zabelo manje.

**EzeMpilo**
UMnyango uthola u-R1.4 billion wokubhekana nengcindezi ephuthumayo yesabelomali. Le mali yenza kuqhubeke ukuqashwa kodokotela abenza umsebenzi emphakathini nalabo asebeqeqeshelwa emsebenzini, ukuze kunqandwe izingcindezi kwisabelomali sabasebenzi nokulekelela ngemali yokukhokhela izimpahla nemisebenzi ebalulekile, ngaleyo ndlela kuncishiswe ukunqwabelana kwemali nezinsiza (*acruals*) ekupheleni konyaka.

**EzeMfundo**
UMnyango uthola u-R640.9 million wokuqeda ingcindezi yesabelomali ngaphansi kokuKhokhelwa kwabasebenzi nezimpahla kanye nemisebenzi.

### 4.1.2 Ukwengezwa kwaMali yeziBonelelo ezinemiBandela - ezeMfundo nezeMpilo

UMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke uphinde wengeza kwisabelomali sesibonelelo esinemibandela sesiFundazwe, ikakhulukazi kwezeMfundo nakwezeMpilo.

**EzeMpilo**

UMnyango uthola u-R95.2 million ngaphansi **kwesibonelelo i*District Health Programmes***. UMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke unikeze lesi sabelo ngokuhambisana nesiGaba 16 soMthetho oLawula ukuPhathwa kweMali kuHulumeni esilawula ukwabiwa kwezimali ezimweni eziphuthumayo. Lezi zimali zabelwe isifundazwe kulandela ukuhoxiswa kwezimali ze*President's Emergency Plan For AIDS Relief* (i-*PEPFAR*) olulawulwa yi-*United States Agency for International Development (i-USAID*). Njengoba lesi kuyisabelo esiphuthumayo, lezi zimali seziqalile ukungena esifundazweni.

**EzeMfundo**

Umnyango uthola u-R347.2 million owengezwe kwisibonelelo sikahulumeni se-***Early Childhood Development* (i-*ECD*).** Lokhu kunikeza uxhaso lwezimali oludingekayo ukuze kwenyuswe uxhaso lusuka ku-R17 luye ku-R24 lwengane ngayinye ngosuku ezinhlelweni ezizinze ezikhungweni futhi lusuke ku-R6 luye ku-R9 lwezinhlelo ezingekho ezikhungweni. Lesi sabelo futhi kuhloswe ngaso ukukhulisa ukufinyelela emfundweni esemazingeni aphansi kwezingane ezengeziwe ezingama-700 000 ezweni lonke kuze kube yiminyaka emihlanu ubudala. UMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke ukhiphe iGazethi kaHulumeni enguNombolo 53 602 mhla zingama-30 ku-Okthoba wezi-2025 ukuze kusebenze lesi sabelo. Isabelo sabalwa nguMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke ngokulingana nenani lezingane ezithola uxhaso esifundazweni ngasinye.

### 4.1.3 Izabelo zeziNhlekelele

UMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke weluleke isiFundazwe ngesabelo sokusiza ezinhlekeleleni esizokwenziwa ukuze kwakhiwe kabusha futhi kulungiswe ingqalasizinda yesifundazwe elinyazwe yimvula, izikhukhula, ukuduma kwezulu nomoya onamandla okwenzeka esiFundazweni phakathi kuka-Ephreli 2024 noJuni 2025.

Sijabule ngesabelo esingu-R984.8 million esitholiwe mayelana nalokhu. Lezi zimali zabelwe iminyango eyahlukene, ngale ndlela elandelayo:

- U-R31.9 million ubekelwe **uVoti 3: ezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya** okuyisibonelelo se-*Comprehensive Agriculture Support Programme*.
- U-R432.7 million ubekelwe **uVoti 5: ezeMfundo** okuwuxhaso lweNgqalasizinda yezeMfundo.
- U-R199 million wabelwe **uVoti 7: ezeMpilo** okuyisibonelelo sokuVuselela iziKhungo zezeMpilo.

- U-R300.5 million ubekelwe **uVoti 12: ezokuThutha** okuyisibonelelo sokuNakekelwa kwemiGwaqo yesiFundazwe.
- U-R20.8 million wabelwe **uVoti 14: ImiSebenzi yoMphakathi neNgqalasizinda** okuyisabelo semali eyabelwe umnyango.

### 4.1.4 Imali yeSabelomali esinemiBandela edlulisiwe kunyakamali olandelayo

IsiGaba sama-22 soMthetho wokuHlukaniswa kweNgenisomali sithi noma yiluphi uxhaso lwemali yesibonelelo esinemibandela olungasetshenziswanga lwangonyakamali odlule kufanele lubuyiselwe emalini kuzwelonke, ngaphandle uma kugunyaziwe ukuba ludluliselwe kunyakawezimali olandelayo. Isifundazwe siveze ukuthi kube nokwehluleka ukusebenzisa imali engango-R190.1 million kwisabelomali esingu-R25.9 billion ekupheleni konyakamali ka-2024/25, sizobe sesisebenzise u-99.2% wesabelomali sesibonelelo esinemibandela ekupheleni konyaka.

Iminyango kufanele icele imvume yokwedluliselwa kunyakamali olandelayo kwalezi zimali kuMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke futhi kufanele iveze ubufakazi bokuthi lezi zimali zizosebenza kanjani ekupheleni konyaka. Kulezi zingxoxo, isifundazwe sikwazile ukuveza ubufakazi bokuthi cishe yonke le mali engakasetshenziswa izosetshenziswa kanjani futhi uMnyango kaMgcinimafa kuZwelonke wagunyaza ukuthi lezi zimali zidluliselwe kunyakamali olandelayo. U-R385 000 kuphela okufanele ubuyiselwe esiKhwameni seMali kuZwelonke (mayelana noMnyango wezokuPhepha okuXhumana noMphakathi), kanti imali esele engu-R189.7 million izosasala esikhwameni sesifundazwe. Izibonelelo ezinemibandela ezingakasetshenziswanga okugunyazwe ukuthi izimali zazo zidluliselwe kunyakamali wezi-2025/26 zimi kanje:

- U-R86.4 million **oyisibonelelo soXhaso oluPhelele lokuLekelela kwezoLimo** ngaphansi kweVoti 3: uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya.
- U-R3.3 million **oyisibonelelo sabaFundi abanokuKhubazeka okuJulile ngokoMqondo** ngaphansi kweVoti 5: uMnyango wezeMfundo.
- U-R100 million **oyisibonelelo sokuThuthukiswa kwezokuHlaliswa kwaBantu** ngaphansi kweVoti 8: uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu.

## 4.2 Izichibiyelo zeSabelomali ezivela kwiMali yesiFundazwe (Provincial Cash Resources)

Kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe sekukhona izimali ezivela esiFundazweni esezabiwe ezivela emithonjeni emine.

Umthombo wokuqala imali engasetshenziswanga ngonyakamali owedlule, ogqitshwe yingenisomali engaqoqwanga kusukela kulowo nyakamali. Ngenxa yalokhu, isifundazwe sinezigidi ezingama-R311.8 ku-akhawunti yasebhange yesifundazwe etholakalayo ukuze yabiwe.

Umthombo wesibili yiMali eBhekele izimo eziPhuthumayo eyabiwe engu-R278.1 million ngesikhathi kubekwa isabelomali esikhulu.

Owesithathu, eminye iminyango eqoqe ingenisomali ebingalindelekanga kulo nyakamali icele ukuthi le mali ibuyiselwe kuyona kulo nyaka. Kukhona isamba esingu-R8 million sale mali.

Ekugcineni, isamba semali engu-R300 million ebeyigcinwe ku-akhawunti yasebhange yesiFundazwe njengesiqinisekiso se-Ithala SOC seyiphelelwe yisikhathi. Lezi zimali zibe ke sezitholakala ukuze zabiwe futhi. Isamba semali esingu-R24.3 million sabuyiselwa ku-akhawunti yasebhange yesiFundazwe yi-*KZN Growth Fund Agency* mayelana nezimali ezingasetshenziswanga ze-*KZN Youth Empowerment.* Imininingwane izonikezwa ngezansi.

Le mithombo emine iholele ekutheni imali yesiFundazwe ibe no R922.3 million owabiwe kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe.

Kule mali, u-R190.1 million wasetshenziswa ekudlulisweni kunyakamali olandelayi izibonelelo ezinemibandela nokubuyisela emuva imali engasebenzanga, njengoba ngichazile ngenhla. Lokhu kusho ukuthi bekunemali esele eyizigidi ezingama-R732.2 ebesingayisebenzisela ukuxhasa ezinye zezingcindezi nezibopho zesabelomali sesifundazwe.

Le minyango elandelayo ithola izimali ezengeziwe kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe:

- **Ivoti 1: IHhovisi likaNdunankulu** lithola u-R105.7 million, kanje:
  - U-R6.4 million uzodluliselwa kwi-*Zulu Royal Household Trust* mayelana nezindleko zezomthetho zeSilo, iSilo, kanye nokuhlinzekela abahlomuli abasha, ngokuhambisana nezidingo zamanje zendlu yobukhosi.
  - U-R99.3 million wokuqhubeka nokuqaliswa kokusebenza kwesiKhwama sokuThuthukisa iNtsha KwaZulu-Natali. Lezi zimali zadluliselwa kunyakamali olandelayo, zombili zisuka ezikhwameni ezingakasetshenziswa ngaphansi kweHhovisi likaNdunankulu, ne-*KZN Growth Fund Agency*.

- **Ivoti 2: IsiShayamthetho sesiFundazwe** sithola u-R60.8 million walokhu okulandelayo:
  - U-R2 million umayelana nokuqoqwa ngokweqile kwengenisomali ngonyaka odlule eyabelwa isiShayamthetho ngokuhambisana noMthetho wokuPhathwa kweziMali zePhalamende neziShayamthetho zeziFundazwe kanye noMthetho oLawula ukuPhathwa kweziMali kuHulumeni.
  - U-R20.3 million umayelana nokusetshenziswa kancane kwemali onyakeni odlule isiShayamthetho esingase sikugcine ngokuhambisana noMthetho wokuPhathwa kweziMali zePhalamende neziShayamthetho zeziFundazwe. Kuyaphawuleka ukuthi isiShayamthetho sasebenzisa imali engaphansi kohlelo lokukhokhela imihlomulo yamaLungu nge-R7.5 million kanti lezi zimali ezingakasetshenziswa kumele zibuyiselwe esiKhwameni seMali yesiFundazwe.
  - U-R20.7 million wemali ekhona ubekelwe ukuxhasa ukusetshenziswa kwemali ngokweqile kwesiShayamthetho kusukela ku-2023/24 ngemuva kokuthi i-Standing Committee on Oversight ligunyaze ukukhokhelwa kwalezi zindleko ezazingagunyaziwe.
  - U-R17.8 million wabelwe isiShayamthetho ukukhokhela izindleko ezihambisana nesivumelwano samaholo sika-2025. Umkhandlu wezingxoxo zamaholo asesiShayamthetho uvumelene ngokunyuswa kwamaholo ngonyaka ngu-4.8% kubasebenzi besiShayamthetho futhi lesi sabelo sihlanganisa izindleko zokuqalisa lokhu kunyuswa.
- **Ivoti 4: OwokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo** uthola u-R300 million ozodluliselwa kwi-*Ithala Development Finance Corporation (i-IDFC)* oyizindleko zokusebenza ze-Ithala Soc Limited. Ithala likhombise ukuba ngaphansi kwengcindezi okukhulu njengoba konke ukusebenza kwalo kwamiswa kulandela umyalelo wokulivala isikhashana owakhishwa yi-Prudential Authority. Lokhu kusho ukuthi Ithala Soc Limited ibithembele ngokuphelele ezimalini zesifundazwe ukuthi ikhokhele izindleko zayo zokusebenza njengamaholo, ukuqasha kanye nezindleko zikamasipala zamagatsha ayo angama-38 kanye nehhovisi elikhulu. Izimali ziphinde zabelwe izindleko ezibucayi ze-IT, izindleko zomthetho, izindleko zezokuphepha, phakathi kokunye.
- **Ivoti 8: OwokuHlaliswa kwaBantu** kuthola okulandelayo:

- U-R3 million omayelana nengenisomali etholwe kulo nyakamali, umnyango ocelile ukuthi uyigcine ukuze ubhekane nengcindezi yesabelomali. Lezi zimali zaqoqwa komasipala abahlukene lapho amaphrojekthi enziwa khona kwaqedwa, kwasala izimali ezingasetshenziswanga, ekuthengisweni kwama-*units* e-*Ridgeview Gardens*, phakathi kokunye.
- U-R2 million wokuqalisa ukusebenza kwesivumelwano samaholo sika-2025 lapho iminyango kwakuhloswe ukuba ivume khona u-4.6% kanti isivumelwano sizofinyelela ku-5.5%. Ngenxa yesabelomali esilinganiselwe sokusebenza esincane, lo mnyango udinga isabelo mayelana nalokhu.

- **Ivoti 10: OwezemiDlalo, ubuCiko namaSiko** uthola u-R2.4 million wezindleko zokusebenza *Enyokeni Precinct*). UMnyango kuZwelonke wezemiDlalo, ubuCiko namaSiko wakha le ndawo esetshenziselwe uMkhosi woMhlanga kanye noMkhosi woSelwa. Lesi sikhungo sidinga uxhaso lwezimali zokusebenza njengoba sesiphothuliwe, eyokuqasha abasebenzi, eyokuhlanza, ezokuphepha kanye neyezinsiza, neyefenisha, amathuluzi nezidingo zezezimoto. Umnyango uzokhokhela lezi zindleko kwisabelo sawo kuya phambili.
- **Ivoti 11: OwezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu** uthola isamba u-R26.4, kanje:
  - U-R8.3 million umayelana nezimali umnyango oziqoqile ngokweqile uma uqhathanisa nesabelomali sengemisomali ikakhulukazi ngenxa yokubuyisa izimali ezisele zingakasetshenzisiwe komasipala abahlukene ezinhlelweni eziphothuliwe noma lapho amaphrojekthi angakhombisi inqubekela phambili. Umnyango uzosebenzisa lezi zimali ezibuyiselwe emuva ukuze uxazulule ezinye zezingcindezi zesabelomali ezilethwe ukuncishiswa kwesabelomali osekuqhubeke iminyaka ilandelana, phakathi kokunye.
  - U-R16.3 million wabelwe ukulungisa iziKhungo zokuPhatha ezoMdabu eziyi-17 ezacekelwa phansi yiziphepho phakathi kukaDisemba wezi-2024 noJuni wezi-2025 lapho izicelo zokwengezwa kwezimali esiKhungweni sikaZwelonke sokuLawula iziNhlekelele zingazange ziphumelele.
- **Ivoti 13: OwezokuThuthukiswa koMphakathi** uthola u-R40 million wokuvuselela izikhungo zikahulumeni eziyisikhombisa ezihlinzeka ngokunakekela izingane. Izimali zabelwe ukuvikela amalungelo nesithunzi sezingane ezinakekelwa yilezi zikhungo. Izimali zizokwabelwa umnyango

ku-2026/27 ukuze kunikezwe isikhathi esanele sokuthi izinhlelo zokuthengwa kwempahla ziphothulwe kulo nyaka kanye nokuthi ukulungiswa kuqale ekuqaleni konyaka ozayo.

- **Ivoti 14: OwemiSebenzi yoMphakathi neNgqalasizinda** uthola u-R193.6 million ozoqeda ingcindezi yesabelomali ekukhokheni ama-*rates* ezakhiwo. Lesi sabelo sibheka ukuthi imali eyabelwe lo msebenzi idinga ukulungiswa, kanye nokuthi kube khona ukwenyuka kwama-*rates* ezakhiwo zikamasipala ngenxa yokuqaliswa kohlelo olusha i-General Valuation Rolls kwabanye omasipala. Ukwehluleka ukuhlangabezana nalezi zibopho kuzoholela ebunzimeni obungafanele obuzobhekana nezikhungo zikahulumeni ezihlukahlukene njengezikole nezibhedlela. Kunomsebenzi owenziwayo njengengxenye yeSu lokuVuselela ezeziMali ukunciphisa izindleko zokukhokhela ama-*rates*, okuzothi ngezinye izikhathi kube ngokudayisa izakhiwo zombuso ezingasasetshenziswa, kodwa nokuxoxisana ngama-*rates* angcono nomasipala abehlukene futhi lokhu kufanele kube nomthelela omuhle wokunciphisa izindleko zokukhokhela ama-*rates* esikhathini esizayo esifundazweni. Kufanele siveze ukuthi umnyango awukayitholi imali eyanele yokukhokhela ama-*rates* ezakhiwo futhi ukubuyekezwa kwale mali kuyaqhubeka kuyo yonke iminyango.

## 4.3 UkuMiswa kweziMali

Kunezinhlobo ezimbili zokumiswa kwezimali okungafakwa kwiSabelomali esiBuyekeziwe, kanti lokhu kuvame ukuthi kuqale ngokufakwa kwezicelo ezithunyelwa kuMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe yiminyango ethintekayo. Zombili izinhlobo zokumiswa kwezimali zifakiwe ku-lesi Sabelomali esiBuyekeziwe engisethula namuhla.

Uhlobo lokuqala lokumiswa kwezimali yilapho umnyango uhlonze khona izinhlelo zokusebenzisa imali kancane onyakeni bese ubona ukuthi lezi zimali ngeke zisetshenziswe ngaphambi kokuphela konyaka kodwa kuzodlulela onyakeni olandelayo. Kulokhu, umnyango uye ucele ukuthi izimali zimiswe kwisabelomali sawo kulo nyaka ukuze zibuyiselwe emnyangweni ngonyaka olandelayo.

Uhlobo lwesibili lokumiswa yilapho uMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe uthola khona isicelo sokuthi izimali zimiswe kwisabelomali seVoti elilodwa ziye kwisabelomali seVoti elinye.

Kukhona ukumiswa kwezimali okuthathu okufakwe kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe:

- **IVoti 6: OwoMgcinimafa wesiFundazwe** ucele ukuthi u-R14 million umiswe kwisabelomali sabo sika-2025/26 ukuze sibuyiselwe eVotini kunyaka ka-2026/27. Amaphrojekthi nezinhlelo lapho umnyango uhlonze khona ukuthi kuzosetshenziswa imali kancane kunalokho obekulindelekile uHlelo lwesiFundazwe lokuVuselela ezeziMali (ikakhulukazi kuma-*computer systems* aqondene nalolu Hlelo) ngesamba sika-R5 million, ukuqaliswa kohlelo oluthuthukisiwe lokuvikela amahhovisi omnyango lapho u-R6 million ucelwe ukuba umiswe, kanjalo ne-computer system yezokuPhathwa kwezokuCubungulwa kwamabhuku, nokuLawulwa kweNgcuphe lapho kucelwe khona ukuthi kumiswe u-R3 million. Lawa maphrojekthi ancike ezinhlelweni zokuthenga impahla ze-SITA ezibambezeleke kakhulu. Lezi zimali zizodonswa kwisabelomali somnyango kulo nyakamali futhi zizobuyiselwa kubo ngowezi-2026/27.

- **IVoti 11: OwezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu** ucele ukuthi kumiswe u-R20 million eVotini labo ukuze labelwe iVoti 14: uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi neNgqalasizinda. Lokhu kumayelana nokulungiswa nokuvuselelwa kwesaKhiwo esiDala sesiShayamthetho sasoLundi (esiphinde saziwe ngokuthi isaKhiwo soMhlangano sesiShayamthetho). Isicelo sokumisa lezi zimali samukelwe ngokuhlanganyela eminyangweni yomibili njengoba ivumelene ngokubambisana ekulungisweni kwaleli bhilidi kulandela umonakalo odaleke ngenhlekelele kaDisemba ku-2024 noJanwari ku-2025. Lesi sakhiwo sisebenza njengendawo yamahhovisi abalulekile eminyangweni kahulumeni eyahlukene futhi sidinga ukulungiswa okuphuthumayo kanye nokulungiswa kabusha ukuze sibuyisele ukusebenza kwaso.

- **UMnyango wezeMpilo** ubukhombisa ingcindezi enkulu yokusebenzisa imali onyakeni edalwa ukuKhokhelwa kwamaholo abasebenzi kanye neziMpahla kanye nezinsiza njengoba ingekho imali yokukhokhela ezinye zezikhala zomsebenzi ezigcwalisiwe zomnyango ngenxa yokwehliswa kwesabelomali iminyaka ilandelana. Futhi, enye ingcindezi yesabelomali ibe ngumphumela ukunqwabelana kwemali nezinsiza (*acruals*) okukhulu okwenziwe kulo nyakamali kusukela kunyakamali odlule. UMnyango wezeMpilo wethula ingcindezi yokusetshenziswa kwemali phambili kwesiGungu esiPhezulu sesiFundazwe lapho kwathathwa khona isinqumo sokuthi iminyango nezinhlaka zikahulumeni kumele zihlonze izimali ezabelweni zazo ezingase zisetshenziswe ukudambisa ingcindezi kwisabelomali kowezeMpilo. Sekukonke, u-R154.8 million umisiwe kumaVoti ahlukene kanye nezinhlaka zikahulumeni ukuze kuVoti 7:

owezeMpilo. Okulandelayo yiminyango nezinhlaka zikahulumeni ezinikezele ngezimali:

- **IVoti 1: IHhovisi likaNdunankulu** lanikela ngo-R10 million.
- **IVoti 4: OwezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo** wanikela ngo-R17.5 million.
- **IVoti 6: OwezoMgcinimafa wesiFundazwe** wanikela ngo-R5.4 million.
- **IVoti 8: OwezokuHlaliswa kwaBantu** wanikela ngo-R3.3 million.
- **IVoti 10: OwezemiDlalo, ubuCiko namaSiko** wanikela ngo-R4.6 million.
- **IVoti le-11: OwezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu** wanikela ngo-R3.5 million.
- **IVoti 13: OwezokuThukiswa koMphakathi** wanikela ngo-R2.1 million.
- **IVoti 14: OwezemiSebenzi yoMphakathi neNgqalasizinda** wanikela ngo-R6.1 million.
- **I-KZN Growth Fund Agency** yanikela ngo-R90 million.
- **EzoHwebo nokuTshalwa kwezimali eKZN** banikela ngo-R1 million.
- **IDube TradePort Corporation** yanikela ngo-R7.7 million.
- **I-Richards Bay Industrial Development Zone** yanikela ngo-R2.1 million.
- **I-KZN Tourism and Film Agency** yanikela ngo-R1.5 million.

## 5. ISIPHETHO

Somlomo, kule nkulumo – sizame ukuchaza kabanzi ngethemba le-KZN lokuqapha ukukhula, nokusimama naphezu kwezimo ezimbi zezomnotho wasekhaya kanye nowomhlaba. Sikholelwa ukuthi ukugxila kwethu emikhakheni ethuthukisa ukukhula kuzobamba iqhaza elikhulu ekubhekaneni nezinselelo zethu zezenhlalo nezomnotho.

Siphinde sakugcizelela ukuzibophezela kwethu ekuphatheni izimali ngokuhambisana nemithetho yokuphathwa kwezimali ukuze siqinisekise ukuhlinzekwa kwezinsizakalo okusimeme.

Sifune ukubonisa ukuxhumana okucacile phakathi kokwabiwa kwesabelomali sethu kanye nenetha yokuphepha komphakathi. Ukugxila kwethu okuqinile kwezemfundo nakwezempilo kulindeleke ukuthi kube neqhaza ekukhuliseni iKZN ngokusimeme isikhathi eside.

UHulumeni woBumbano eziFundazweni usebenze ngokuzikhandla kakhulu kulo nyaka odlule ukwenza ngcono ukubusa isiFundazwe futhi usiqondise endleleni yethemba elivuselelwe.

Ngokusobala, kufanele siqhubeke nokwenza ngcono ukutholwa kobuchwepheshe emisebenzini yethu yezolimo ukuze sandise isivuno ngokuqhubekayo sibe sivikela imvelo.

Kufanele sizikhuphule izinga lokudayisa isiFundazwe ukuze sithuthukise umkhakha wethu wezokuvakasha. Lokhu kufanele kuhambisane nokuvuselelwa kwengqalasizinda okuqhubekayo kanye nokuthuthukiswa kwezokuvakasha ukuze zingenise imali.

Umsebenzi wethu wokuphatha izimali uzobandakanya izindlela ezithuthukisiwe zokulandelela ukusebenza kwemali ukuze kuncishiswe ukusetshenziswa kwemali ngokweqile futhi kugqanyiswe izindawo ezingase zidinge ukucwengwa ukuze ziqondiswe kangcono.

Ngithanda ukubonga uNdunankulu oHloniphekile, uMnuz uThamsanqa Ntuli, kanye namaLungu aHloniphekile oMkhandlu oPhethe isiFundazwe, ikakhulukazi amaLungu eKomidi loNgqongqoshe leSabelomali, ngokungeseka kwabo ekuhlanganiseni lesi Sabelomali esiBuyekeziwe esinzima kangaka.

Ngifisa ukubonga izikhulu zoMnyango kaMgcinimafa ngaphansi kobuholi be-HOD, uNksz. Carol Coetzee, ngokuqinisekisa ukuthi imibhalo yesabelomali isezingeni eliphezulu elijwayelekile.

KuSihlalo, uMnuz. Mthandeni Dlungwane, kanye namaLungu eKomidi le-lezeziMali esiShayamthetho, kanye ne-STACOV, sibheke ngabomvu ukuxoxisana ngeSabelomali esiBuyekeziwe futhi sizibophezele ukunisiza endimeni yenu yokuqapha ukuphathwa kwezimali.

Kuyangithobisa ukwethula ngokusemthethweni uMthethosivivinywa wokuBuyekeza iSabelomali, sika 2025 wesiFundazwe siKwaZulu-Natali ukuze ucutshungulwe kule Ndlu ozofundwa kanye nesiLinganiso sokuBuyekeza iNgenisomali neziNdleko zesiFundazwe kanye nememorandamu echazayo. Ngethemba ukuthi inkulumo-mpikiswano kanye nokuvota ngalo Mthethosivivinywa kuzoba ngokwakhayo futhi kuthele izithelo.

Ngiyabonga.